**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

**OCTOBER / NOVEMBER 2005**
**OKTOBER / NOVEMBER 2005**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 80**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezinhlanu A, B, C, D no-E. Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI. U-A no-B noma u-C no-D noma u-A no-E, njll.
- Izimpendulo mazinombolwe futhi zihlelwe njengoba kunombolwe kwahlelwa imibuzo.
- Phendula ngesiZulu esihle.

---

ISIGABA A
**IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

***Imvubelo* – A.M. Maphumulo**

Funda lezi zinkondlo ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Inkondlo A**

**NOKWETHABA**

Bangishaye ngemfe iphindiwe,
Bath' usathe shelele,
Ngethemba, ngama ngalinda,
Ngob' iziyaluyalu zenhliziyo yami
Ziphuphuma olwakho uzwelo,
Uzwel' olungelinganiswe ngaludondolo.

Ngalinda lashon' eNtshonalanga,
Ebelishon' eNtshonalanga laze
Lavel' eMpumalanga
Kazi Nokwethaba wayaphi?
Imithombo yentokozo ebigeleza
Unyelel' olusivivi yagelez' umjoyi.

Pheqa ikhasi

Ngabal' izindwani kwanhlanga
Zimuka nomoya konke,
Cha! Ngempel'ithemba
Kalibulali, ngoba ngabe
Sengaba mathamb' amhlophe
NgoNokwethabanje yedwana.

Kawuvalelisanga ngani?
Khubalo lini elakuhungula?
Lowo mkhunkul' uqalekisiwe phakade,
Ngokwehlukanisa izimbali zendalo,
Ezatshalwa nguSomandl' endulo,
Yena ngesinwe wazibethela.

1.1 Ikhuluma ngani indikimba yale nkondlo? (2)

1.2 Bhala umugqa onesizura ebinzeni 1. (2)

1.3 Bhala ngesakhiwo samabinza ale nkondlo. (4)

1.4 KHETHA IMPENDULO EFANELE EZIMENI ZOKUKHULUMA EZILANDELAYO (imicabango, akubanga namehluko, ukuhamba isikhashana ubuye, ukuzikhohlisa ngento engekho, washona kudala, ithemba kalilahlwa)

1.4.1 Ukushaya ngemfe iphindiwe.

1.4.2 Ukuthi shelele.

1.4.3 Iziyaluyalu zenhliziyo.

1.4.4 Kwanhlanga zimuka nomoya.

1.4.5 Ithemba kalibulali.

1.4.6 Ukuba mathamb'amhlophe; 1x6=(6)

1.5 Bhala imigqa EMITHATHU enenjambamenti ebinzeni 3. (3)

1.6 Ithini impikisamqondo ebinzeni 2? (2)

1.7 Ingabe imbongi ikhalelani kangaka? (1)
**[20]**

**Inkondlo B**

**SIBONDA SIKAZULU**

Umfanekiso wakho ufanekisa isintu,
Usiba lwakho lusibikela izimfihlakalo.
Ngibona lolu phahlakazi olukugqolozele,
Ngishaywa uvalo ngezifiso ezingafezekanga,
Ngilahlekelwa yithemba ngentshisekelo yekusasa,
Ikusasa eliyizifiso zentokomalo kaZulu.

Lolu phahla lungilethela usizi nomunyu
Umunyu ongilethela uhlevane novalo.
Nginamahloni okukubheka, ngokwehluleka ngiyisehluleki,
Ngiyesaba ngehlazo ohlezi kulo,
Izifiso zekusasa zihlanekezelekile zehluleka,
Izilokotho ngoZulu zehlulekile zehluka.

Seswele amandla mntakaNdaba ngasibonga,
Seswele imilomo mntakaSenzangakhona nga siyathopha,
Sibonga inkuthalo yobunye owayihlwanyela,
Sibonga ubuntu nobumbano owalwakhayo,
Uma kubalwa izizwe siyabalwa,
Inhlonipho yakho yasipha ukuhlonishwa.

1.8 Iyini inhloso noma injongo yembongi uma isibhalela le nkondlo? (2)

1.9 Ukwenzenjani ukushaywa uvalo? (2)

1.10 Kungani imbongi ishaywa uvalo? (2)

1.11 Hlobo luni lwesifengqo lolu: 'uphahlakazi olukugqolozele'? (2)

1.12 USenzangakhona wayebusa siphi isizwe? (2)

1.13 Onjani umoya esiwuthola kule nkondlo? Sekela ngesibonelo esisodwa ebinzeni 3. (4)

1.14 Bhala umusho OWODWA osebinzeni 2 ochaza ukudabuka nokukhala. (2)

1.15 Bhala ngentuthuko eyenziwa uShaka esizweni samaZulu ubhekise ebinzeni 4. Bhala kube kune. (4)

**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]**

ISIGABA B
**UMDLALO**

**UMBUZO 2**

***Ngiwafunge Amabomvu* – L. Molefe**

Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

*(Kusemfuleni, ngaphansi kwewa elikhulu. Umfula uyahuba unamanzi athanda ukudungeka. UKhonzeni uyageza yedwa buqamamana nje le ngenhla. Ngezansi kumi uThulisile noZaba. UZaba uhlobe ngezakwaZulu, uphethe isihlangu sakhe esimatshezulu.)*

Zaba : *(Kuvuke izinhlonze kancane.)* Kodwa uphatheke kanjani laphaya emzini wakho Thulisile?

Thulisile : Umgede wezimpisi wena uwubiza ngomuzi wami? Udlalelani ngami Zaba?

Zaba : Angidlali ngawe Majola omuhle, ngikhuluma, iqiniso. Wena ngabe ukhala ngokungakuhloniphi njena nxa ngikulinganisa nathi esihlala emizini. Usesigodlweni wena ...

Thulisile : Kanti Zaba awuzile ukuzongiduduza, uzongihleka?

Zaba : Angikuhleki Thulisile. Ngingasihleka kanjani isithandwa senhliziyo yami?

Thulisile : *(Avuse ezakhe izinhlonze naye.)* Uyangihleka uma ungangifiseli ukuthi ngiphume laphaya ngize sihlele ezethu ezisanda kusihlanganisa izindaba.

Zaba : Phela yinto engelukhuni lena okhuluma ngayo, uma uthi ufuna ngikucele uphume laphaya emgedeni lowo. Ngingahamba nawe manje mina. Futhi nje asiyeke ukuthemeleza nokugigiyela. Tshela impelesi yakho leya ukuthi siyahamba manje.

2.1 Bakuphi laba ababili abaxoxayo? (1)

2.2 Wayebukeka enjani uZaba ngalolu suku? (2)

2.3 Uwubizelani uThulisile umuzi wenkosi ngomgede wezimpisi? (2)

2.4 KHETHA IMPENDULO EFANELE:

2.4.1 Elinye igama lesihlangu ......

A. Iwisa.
B. Ihawu.
C. Isagila.

2.4.2 Ukuvusa izinhlonze kusho:

A. Ukuthukuthela.
B. Ukuhleka.
C. Ukuncoma.

2.4.3 UZaba indodana ka ......

A. Mzwezwe.
B. Msanka.
C. Majola.

2.4.4 Impelesi kaThulisile

A. UNokufika.
B. UKhonzeni.
C. UKhosi.

2.4.5 Iwele elincane kwakungu ......

A. Thulisile
B. Khonzeni
C. Thulile 1x5=(5)

2.5 Ingabe ukuphikelela esinqumeni osithathile kuletha inkululeko ekugcineni? Impendulo yakho mayifakazelwe yizenzo zalaba balingiswa abalandelayo;

2.5.1 UZaba (5)

2.5.2 UThulisile (5)
**[20]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| Ibandla | : | Wena wendlovu! |
| Mgidi | : | Okokuqala nje, ngicela nazi ukuthi umgcagco wami nalezi zintombi zakwaMajola wonakele. UMajola, iqhawe lami ubukhombise bonke ubuqotho bakhe ngezingane zakhe. Yizona ezilahlekelwe wunembeza zabona ukuthi lapha koMkhulu yisenkundleni yazo yombango. |
| Ibandla | : | Bayede! |
| Mgidi | : | Ngibeka uMajola njengenduna yami enkulu esikhundleni sikaMsanka kusukela manje. UMsanka ngifuna akwazi lokho engakayi koyisemkhulu. |
| Ibandla | : | Wena wakoMkhulu! |
| Mgidi | : | Indlovukazi ingidelele ngendlela engingenayo indlela yokuyichaza! Yivezandlebe leli eliphethe ezofa kanye nalo. Izalela isizwe i .... *(Ashaye ngenduku yasebukhosini phansi.)* |
| Ibandla | : | *(Libubule.)* |

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | *(Abheke okhandalimtshelokwakhe.)* Angifuni ngisho ukunibheka! *(Anyakame.)* Niyafa manje. Nifela ukungangibikeli ngezinto ezihlafuna ngomhlathi ongahlakaniphile esigodlweni nizazi nizibona.<br><br>*(Abakhombe ngenduku yasebukhosini. Zibadumele izinsizwa ezikhethiwe eziyizidlakela. Zazisabanyikinya ngenkathi uZaba ephefumula.)* |

2.6 UMajola wabukhombisa kanjani ubuqotho nobuqhawe bakhe enkosini? Chaza impendulo ayiphelele – ubuqhawe wabubonisa kanjani? (2)

2.7 Kungani uMsanka alahlekelwa isikhundla sakhe sobunduna? (2)

2.8 Bhala igama lembangi yenkosi. (1)

2.9 UKhonzeni kwakufanele enzenjani ukuze asindise impilo yakhe? (2)

2.10 Yini ivezandlebe? (1)

2.11 Phinda uchaze kabanzi ukuthi kwatholakala kanjani ukuthi ingane kwabe kungeyona eyenkosi uMgidi. (3)

2.12 Babezobulawa kanjani laba balingiswa uMsanka, uMajola, uThulisile, uThulile kanye noKhonzeni? (2)

2.13 Phawula ngesifundo esitholakala kulo mdlalo esimayelana nenkosi. (2)

2.14 Wayengumlingiswa onjani uThulisle? Chaza. (5)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [40]**

ISIGABA C
## INOVELI

## UMBUZO 3

***Isigcawu Senkantolo* – M. Masondo**

Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

> "Ungayilandisa le nkantolo ehloniphekile ngale mfihlo?"
>
> "Ngiyawuchitha futhi lowo mbuzo Nkosi yami. Asiquli amacala amabili kule nkantolo. Sizoqula icala lokubulala," kusho uS'fiso elokhu esabonakala ukuthi udinekile kodwa uzama kakhulu ukukufihla lokho.
>
> "Ngifuna ukuyazi leyo mfihlo. Qhubeka fakazi," kusho ijaji. Aqale uMagwegwe achaze, "Eminyakeni engemingaki edlule ngabe ngigada emakhazeni kaHulumeni. Busuku bumbe kwafika indoda ethile eyanginika imali ukuze ngiyivulele ngoba yethemba ukuthi kukhona olapha emakhazeni kanti iyangiyenga. Ngabe ngihola imali encane kakhulu.

Pheqa ikhasi

Ngayivulela le ndoda yangena. Isingaphakathi, yangivukela esiswini njengotshwala."

Athule uMagwegwe angabe esaqhubeka.

"Kwase?" kubuza uMenzi.

"Yangikhomba ngesibhamu ithi ngithathe isidumbu okwabe kungesomuntu owayedutshuliwe. Nebala-ke, ngenza njalo. Ngasididinga ngaye ngasithi qithi ehlathini limbe.

"Ngathi lapho ngithi ngiphonsa amehlo eceleni, ngabona esinye futhi isidumbu. Le ndoda eyabe isiqhwaga kimi yathatha lesi sidumbu yasibambisa lesiya engasithola ehlathini. Yaze yasibambisa nemoto ethile eyabe imi khona lapho. Eseqedile lo mlisa wangitshela ukuthi ngithathe lesi sidumbu ngisibuyisele emakhazeni. Ngenza njalo-ke nami ngethukile. Angiyazanga inhloso yakho konke lokho.

3.1 Ubani lo mlingiswa oqavile kulesi siqeshana? (1)

3.2 Wayesebenza kuphi? (1)

3.3 Ubani igama lo mlisa owamnikeza imali? (1)

3.4 Ukwenzenjani ukuvukela umuntu esiswini njengotshwala? (2)

3.5 Kwakuyini injongo yokuthatha leso sidumbu? Shono kube kubili. (4)

3.6 Onjani umuntu oyisiqhwaga? (2)

3.7 Ubani ummangalelwa kuleli cala? (1)

3.8 Wayengumlingiswa onjani uButhelezi? Yisho okuhlanu. (5)

3.9 Baxatshaniswa yini oButhelezi noMhlobo Mvubu? Yisho kube kuthathu. (3)
**[20]**

**Isiqeshana B**

"Ebufakazini obedlule, lo fakazi ophambi kwami ukubeke ngokusobala ukuthi babebambisene noMhlobo kulobu bugebengu. Ushilo futhi phambi kwale nkantolo ukuthi babengasathembani ngoba babekhwabaniselana noma bephambaniselana. Ummangalelwa wahamba washiya umufi esikebheni esayolanda imali. Kungaso leso sikhathi umufi aboshwa ngaso ngentambo. Ekubuyeni kukammangalelwa wathola sekukhona umuntu angamazi, kwase kusuka impi.

"Emva kokudubula, wabaleka ummangalelwa ngoba ecabanga ukuthi ubulele umuntu. Sawela esikebheni isibhamu kodwa sangangena emanzini njengoba ecabanga ummangalelwa. Wayesesithatha umbulali ebulala ngaso umufi, ngoba azi ukuthi ekuphenyeni kwabomthetho bayothola ukuthi ngesikabani isibhamu esabulala.

"Emva kokubulala ngesibhamu lesi kazanga umbulali ukuthi uzosenzanjani. Sekuthi emva kokuzwa noma kokufunda inkulumo kammangalelwa wasuka umbulali lona waya edamini wafike wathatha imali wase eshiya isibhamu. Akekho omunye umuntu owayengenza lokhu ngaphandle kwakhe lo fakazi omi phambi kwami, uMagwegwe Buthelezi," kuchaza uNgubane esekhulume waze woma amathe.

3.10 Ungubani lo fakazi wenkantolo? (1)

3.11 Wayebambisene nobani? Bhala igama nesibongo. (2)

3.12 Yayisuswa yini impi ekubuyeni kukammangalelwa? (2)

3.13 Chaza kabanzi ukuthi kwenzakalani emva kwalokho. (5)

3.14 Ukwenzenjani ukukhuluma wome amathe? (2)

3.15 Zazibangelwa yini ukuba izigebengu zibhale incwadi yemvalamlomo? Shono okuthathu? (3)

3.16 UKhathide yisithakazelo / yisithopho sakwabani? (1)

3.17 Yiliphi leli zinga uKubheka akulo manje? (2)

3.18 Shono okubili akufunda ejele uKubheka. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [40]**

ISIGABA D

## UBUCIKO BOMLOMO

## UMBUZO 4

***Inkosi Yinkosi Ngabantu* – C.T. Msimang**

Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

| IMILOLOZELO |
| --- |
| Lena yinkondlo emfishanyana yokuthunduzela umntwana. Ivama ukuhaywa ngunina noma umzanyana nxa umntwana ekhala noma befuna ukuba alale. Okusemqoka kule nkondlo yisigqi. Iba nesigqi esimnandi esisamculo ukuze phela umntwana athunduzeleke asheshe alale. Umlolozelo uthi awufane nesilandelo kanti empeleni eziningi izilandelo kudunduzelwa ngazo abantwana. Nokho sizoxoxa kabanzana ngesilandelo lapha ngezansi. |

4.1 Uyini umlolozelo? (2)

4.2 Obani abahaya umlolozelo? Shono abantu ababili. (2)

4.3 Senzani isigqi emlolozelweni? (2)

4.4 Shono imisebenzi EMITHATHU yomlolozelo (3)

4.5 Umlolozelo singawufanisa nayiphi enye inkondlo? (1)

4.6 Yisho isibonelo esisodwa somlolozelo owaziyo. (1)

**Pheqa ikhasi**

4.7 Bhala izibonelo EZINE zezinkondlo zomdabu ozaziyo. (4)

4.8 Sinikeze imisebenzi EMIHLANU yobuciko bomlomo. (5)
**[20]**

**Isiqeshana B**

**IZITHAKAZELO**

Empeleni isithakazelo yigama likakhokho othile ohlotsheni lolo. Lokho kwenza ukuba isithakazelo sifane nesibongo. Phela isibongo naso yigama lomuntu. Singasho nje sithi uMalandela owayakhe laphaya ngasemthonjeni woMhlathuze eSihlungu, wazala izinsizwa ezimbili. Amagama azo kwaba uQwabe omdala noZulu omncane. Namhlanje izizukulwane zikaZulu sezizibiza ngokuthi ngezakwaZulu ngesibongo. Kanjalo futhi izizukulwane zikaQwabe zithi isibongo sazo nguQwabe. Kubuye kube khona abakwaGumede, nabo abadabuka kuQwabe. Namhlanje bathi isithakazelo sabo nguQwabe. Lokhu kuchaza izinto ezimbili: okokuqala wukuthi isithakazelo empeleni yigama lomuntu othile ongukhulukhulwane wohlanga lolo. Okwesibili wukuthi awukho umehluko ongako phakathi kwesibongo nesithakazelo. uma ngithi isithakazelo "yigama likakhokho othile" ngiqonde ukuthi akuthathwa nje noma ngubani. Awubheke kwaZulu. UMalandela wazala uZulu; owazala uPhunga noMageba. UMageba yena wazala uNdaba, owazala uJama, ozale uSenzangakhona, uyise wamakhosi adumile: uShaka, uDingane noMpande. Uma sesibheka izithakazelo zakwaZulu siyathola ukuthi nguMageba noNdaba kuphela abasetshenziswa ezithakazelweni. Angikaze nje mina ngizwe umuntu wakwaZulu ethakazelwa ngokuthi Mpande.

Kuningi okubalulekile ngezithakazelo nomsebenzi wazo kepha thina asizukungena kulokho. Thina sizozibheka kuphela njengezinkondlo. Okusho ukuthi sicwaninga ulimi lobunkondlo olusetshenzisiwe kanye nesakhiwo sobunkondlo. Masikuchaze ukuthi isithakazelo sisodwa kasinabo ubunkondlo. Ukuthi "Nonkosi" yisithakazelo sakithi impela eMasimangweni kodwa lelo gama nje lilodwa kalinabo ubunkondlo. Okuzodala ubunkondlo yimidati ethile ezolandela isithakazelo.

4.9 Ungasichaza kanjani isithakazelo kanye nesibongo? (2)

4.10 Wayakhe kuphi uMalandela? (1)

4.11 Yisho amagama amadodana akhe. (2)

4.12 UZulu yena wazala ubani nobani? (2)

4.13 Sithini isithakazelo sakwaGumede? (1)

4.14 Shono amagama amathathu amadodana kaSenzangakhona okukhulunywa ngawo endabeni. (3)

4.15 Zithini izithakazelo zabakwaSibiya nabakwaZwane? (2)

4.16 Nikeza igama eliwumqondofana wensumansumane. (2)

4.17 Bhala izinhlobo EZIMBILI zabalingiswa abatholakala ensumansumaneni. (2)

4.18 Sinikeze inkolelo yokuthi kwakwenzakalani uma uxoxa inganekwane emini kwabha. (1)

4.19 Bhala incazelo yalesi sisho: ukucela empunzini. (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA D: [40]**

ISIGABA E
**IZINDABA EZIMFUSHANE**

**UMBUZO 5**

***Umlabalaba* – O.E.H. Nxumalo**

Funda lezi ziqeshana ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo:

**Isiqeshana A**

> Uthule uMaMdunge. Uyaqala ukubona uyisezala ekulesi simo; ingasaphathwa-ke eyokukhala. Ngisho nangenkathi kushone isalukazi esinguninazala akazange abone nolulodwa unyembezi lolu kuyisezala. Okusho ukuthi lokhu okuvelele uDaluxolo ...
>
> Ezwe sekufika izinyembezi uMaMdunge. Bekungakaze kufike nakanye ukukhala selokhu kwenzeke lokhu. Ubesalokhu eshaqekile nje. Into eze yasho ukumjuqa uvalo. Kusize khona ukuthi athi ukushaya kancane.
>
> Aziyeke zehle izinyembezi. Angazihluphi nangokuzisula. Azibuke zigeleza esifubeni ziye ziyoqathakela phansi. Agqolozele lapho eziqathakele khona. Isikhathi eside. Aze ethuswe ukubona amachaphazelo egazi asale phansi. Kube sengathi yilapho eqala ngqa ukuwabona.
>
> Igijime ingqondo. Kubuye umfanekiso wasekuseni bemi emnyango noDaluxolo. "Usuyosala kahle-ke Nokuthula. Thina sisayobulawa ngumsebenzi emhlanganweni. Pho kuyasetshenzwa yini! Umuntu uyobuya kukhathele ingqondo nomlomo ngenxa yokukhuluma nokucabanga amaphuzu."
>
> "Usungakhathazwa lubala olungaka?"
>
> "Kayisaphathwa-ke eyokuvuvukala kwesandla kuwubuklwiklwiklwi, kubhalwa phansi izinto ezibalulekile."
>
> "Hawu, kahle ukuba nehaba Daluxolo! Ususho ukuthi usungaze uvuvukale isandla ngenxa yokubhala nje? Kanti uyobe ubhala imiqingo yini?"
>
> Athi ukumonyozela kancane uDaluxolo. "Ngiqinisile uma ngithi kuyovuvukala isandla. Kungcono kodwa ngoba ngiganiwe, ngiyofika ngeSonto usubeke amanzi okungithoba. Kokunye usulungise nembeleko yokungibeletha ..." Baphubuke bahleke kanye kanye.
>
> "Awuzwe uDaluxolo – ngibelethe ugodo oludala!"

5.1 Sithini isihloko sale ndatshana? (1)

5.2 Siyahambelana yini nendaba? Sekela impendulo yakho. (3)

5.3 Shono izinto EZINTATHU ezazikhathaza uDaluxolo ubhekise endabeni. (3)

5.4 Ubani lo mlingiswa okhathazekile endabeni? (1)

5.5 Iyini inkinga yakhe? (2)

5.6 Ikhehla uBiyela lona likhathazwa yini? (2)

5.7 Chaza kabanzi ukuthi wafa kanjani uDaluxolo. (4)

5.8 Yenzeka kuphi le ndaba? (2)

5.9 Bhala ngesiphetho sendaba, amaphuzu AMABILI. (2)
**[20]**

**Isiqeshana B**

**BUYEL'EKHAYA**

Namuhla yisonto elikhulu lapha eNqoleni. Sebeyanyakaza lapha ekhaya kwaNgema. Kuyagqigqizelwa. Uyedwa nje umuntu ozithele ngabandayo. NguBongani, indodana endala yalapha ekhaya. Sebemncenge baze badela abazali kodwa kuvele kufane nokuthi bathela amanzi edadeni nje. Sengathi kukhona ifu nje elilengela phezu kwakhe. Libuye limuthi ngci kube sengathi akasaboni lutho, akasezwa lutho. Livele lidume nje ikhanda. Namazwi alaba abaphumayo lapha ekhaya sebeya esontweni uwezwela kude le.

Asukume kancane, ahambahambe aze ayophuma ngesango. Amehlo alokhu ethe njo phansi. Nanguya eyoqoshama ngaphansi komuthi laphaya ngasemfuleni. Amehlo ahlale emanzini acwebezelayo ashelela emadwaleni aze ayongena ekhwanini laphaya mazansana.

"Ayajabula amanzi ngenkululeko," kuvungama uBongani ethatha itshana elijikijela esizibaneni esingaleya kwedwala. Amanzi laphaya athi uma ehlanga nokushisa kwedwala kube sengathi ayashunqa kusuke okusamlalamvubu ophakamayo, uphakame uze uphele emehlweni. Amehlo kaBongani ayawulandela manje lo mlalamvubu, kuze kube sengathi kwakheka umfanekiso womuntu. Hha, nguNomagoli! Uyagqama lo mfanekiso kuthi lapho sekungathi uzobambeka, uhlakazeke, uphelele emoyeni. Asigoqe isandla abesesivulile uBongani, anikine ikhanda. Aqalaze ukuthi akabonwa muntu yini. Cha akukho muntu.

Iyezwakala insimbi le esontweni. Isibelesele ngokunye manje. Nqe, nqe, nqe. Nampaya abantu sebephakamisa izinyawo laphaya endleleni eqonde esontweni. Anikine ikhanda uBongani:

"Isonto," ekhuluma sakuhleba, "lizongenzelani isonto kanti uma lizongincisha inkululeko yokungqabashiya ngothando? Yiliphi ithemba umuntu azobambelela kulona?"

5.10 Elinjani isonto elikhulu? (2)

5.11 Ukwenzenjani ukugqigqizela? (2)

5.12 Nikeza igama likayise kaBongani. (1)

5.13 Ingabe ulizondelani kangaka uBongani isonto? Chaza. (4)

5.14 Abazali bakaBongani kwakungabantu abanjani? Shono okubili. (4)

5.15 Shono igama lentombazane eyayithandwa uBongani. (1)

5.16 Bhala ngesiphetho sale ndaba kuvele ukuthi uyayazi. (4)

5.17 Sithini isifundo esisemqoka esitholakala endabeni? (2)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA E: [40]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**

**ISIPHETHO**